# Okulahliwe kungaphila futhi

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Yini oyithanda ngesikole sakho.
2. Ungabamema abangani bakho bangakini bazofunda esikoleni sakho?




Ngosuku lokuqala emva kwamaholide asebusika abafundi babejabule. Babejabulela ukubuya esikoleni nokubonana besaphila. Kulesi sikole sixubile abafundi abaphila nokukhubazeka nabangaphili nokukhubazeka. Siqala ebangeni lokuqala kuya kwelesikhombisa.



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 1 2025/10/06 07:55



Uthishanhloko kwakunguMnumzane Sokhele. UMnumzane Sokhele wayenezinhlelo zokuthuthukisa isikole, ngakho wabiza abafundi ababengamalunga esigungu esimele abafundi. Wabacela ukuba babeke imibono yabo ngenguquko abayifisayo esikoleni. Abafundi basithokozela lesi senzo sikathishanhloko.

Kungani uThishanhloko ebiza abafundi besigungu esimele abafundi?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 2 2025/10/06 07:55

U-Akhona owayesebangeni lesikhombisa wachazela uthishanhloko ngenkinga yokusokola kwabafundi abahamba ngezihlalo ezinamasondo, ngenxa yokungakwazi ukufinyelela kwamanye amagumbi okufundela. Wacela ukuba kwakhiwe indlela ezohamba laba abahamba ngezihlalo ezinamasondo. Lo mbono wamukelwa ngo elethu, nothishanhloko wethembisa ukuthola imali yokwenza lokhu.



Kusho ukuthini ukwamukelwa ngo-elethu?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 3 2025/10/06 07:55

Uthishanhloko wabiza umhlangano wabazali ukubazisa ngezinguquko ezazizoba khona esikoleni ukusiza abafundi abahamba ngezihlalo ezinamasondo. Wachaza ukuthi lokhu kwenzelwa ukuba bakuthokozele ukuza esikoleni futhi banganqandeki ekufinyeleleni emagumbini okufunda. Kwakuzokwenziwa nomkhankaso wokuqoqa nezimali zalokhu.



Ngabe abazali basijabulela noma cha isiphakamiso sathishanhloko?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 4 2025/10/06 07:55



Isiphakamiso sathokozelwa ngabazali. Abanye abazali baze baphawula nangokuthi bazimisele ukubambisana nothishanhloko. Kwavunyelwana ngokuthi abazali bazoqoqa amabhodlela, amathini namaphepha ukuze bakuthengise. Lezi zinto zazizosetshenziswa kabusha bese imali etholakayo isetshenziselwa lomsebenzi ohlongozwayo.

Baphawula bathini abazali emhlanganweni?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 5 2025/10/06 07:55



Abazali babuyela emakhaya benogqozi lokuqoqa zonke izinto ezisebenziseka kabusha. Bafika batshela nezingane ukuthi uthishanhloko wayethe ibanga elizoqoqa okuningi lizothola umklomelo. Abafundi ngakusasa abapholisanga maseko, baqoqa amaphepha egcekeni lesikole ngesikhathi sekhefu.

Benzani abazali ngenkathi befika emakhaya?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 6 2025/10/06 07:55

Emakhaya nasezitaladini omama babematasa beqoqa kwasani okusebenziseka kabusha bekuthwele ngezikhwama ezinkulu. Kwamthokozisa uthishanhloko ukubona lokhu. Walibona lifezeka iphupho lakhe. Abafundi besigungu esimele abafundi babehambela phezulu bebona isasasa ngombono wabo.




Kusiza ngani ukuqoqa izinto ezilahliwe?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 7 2025/10/06 07:55

Kwathi sebekuqoqe kwaba kuningi, uthishanhloko wamema uMnumzane Zikhali owayesuka eMnyangweni Wezemvelo futhi enolwazi olunzulu ngezinto ezisebenziseka kabusha. Abafundi, othisha nabazali babelindele ngabomvu ukuzwa ukuthi yiliphi ibanga elidle umhlanganiso. Abafundi base belangazelele lokhu okwakubekelwe ababedle umhlanganiso.



Imuphi lomnyango osiza ngokuqoqa udoti emakhaya?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 8 2025/10/06 07:55



UMnumzane Zikhali wathola ukuthi izikhwama eziningi zazigcwele izinto ezingasebenziseki kabusha. Wacela ukuba abazali nabafundi babuye babizwe bafundiswe kabanzi ngezinto ezazivumelekile ukuthi zisebenziseke kabusha. Waphoxeka uthishanhloko ebona iphupho lakhe lizophuza ukufezeka.

Ucabanga ukuthi kungani bengaqoqanga izinto ezazifanele?




9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 9 2025/10/06 07:55

Ngosuku lomhlangano kwaphuma nesinedolo kwagcwala emagcekeni aseSibusisiwe Primary School.



Kwakukhona abezemvelo bephethe imigqomo emikhulu enombhalo othi: “Okusebenziseka kabusha, amaphepha nababhodlela”.

Abafundi base benamathelisa izithombe emigqonyeni ezihambisana nalokhu okwakuzofakwa khona.




Kusho ukuthini ukuthi "kwaphuma nesinedolo"?



9781834957333_m01_plt_lan_g03_bb_zul_za.indd 10 2025/10/06 07:55

Wonke umuntu wabe esephuma umkhankaso nokwenza ukuthi amagceke aseNgonyameni ahlale ehlanzekile ngoba yonke imfucuza yamaphepha namabhodlela yayiqoqwa. Isikhulu sezemvelo sabuye sabuya ukuzobheka okwakuqoqiwe. Sahlabeka umxhwele isikhulu nothishahloko ngalokho okwakuqoqiwe nokwakuvumelekile ukusetshenziswa kabusha.



Wake wababona abantu abacosha okulahliwe? Sixoxele.

Amaphaphu ayephezulu kulindelwe ukuzwa ibanga elalizodla umhlanganiso. UMnumzane Zikhali wabonga wonke umuntu, wayesememezela ibanga lesithathu njengelalidle umhlanganiso. Nabafundi bajabula sebezibona sebefinyelela kuwona wonke amagumbi. Ukusebenzisana nabezemvelo kwaqhubeka.



Ukhona yini wena umklomelo owake wawuthola?